



INGEDE

January 2023
Volume 26
Number 1

OKUQUKETHWE



AMASIMU AYIZIBONELO:-

Izinhlobo ezahlukahlukene zomoba ezingaphezu kweshumi kumasimu ayizibonelo e-Matikulu **(Ikhasi 5-6).**



NAKEKELA IMISOCO EMHLABATHINI WAKHO:- Nikeza umoba wakho imisoco eyanele emva kokutshala noma emva kokuhlala ukuze uzokunikeza inzuzo isikhathi eside. **(Ikhasi 7-8).**



UMLIMI WESIFAZANE OSEMNCANE :- Inkosazane esencane yakwaMaphumulo enothando lokulima umoba **(Ikhasi 9 - 10).**



ABELULEKI BENZE EZIBUKWAYO KWINKOMFA YE-SASAE:- Abeluleki baziwinele izindondo kwi Nkomfa ebiseLimpopo ngenxa yomsebenzi abawenza ngokubambisana nabalimi **(Ikhasi 11)**



Umyal



Ibhalwe nguThulani Masondo

(Umphathi wabeluleki bama-SSG kanye nama-LRG)

Ngicela ukuthatha le lithuba nginibengelele enyakeni omusha nokuthi nginifisele izilokotho ezinhle nezimnandi zonyaka omusha (2023).

Ngicela ukubonga kakhulu ukuthi sisebenzisane kahle ngonyaka ophelile nokuthi sisazoqhubeka ngokusebenzisana kahle. Ngabe kuyini ukusebenzisana kahle, kusho lokhu:

- Ngasosonke isikhathi umlimi nomeluleki kumele behlale besebenzisana babe amathe nolimi
- Umlimi kumele ngaso sonke isikhathi azise umeluleki ngezinhlelo/izifiso zakhe ngomsebenzi wakhe wokulima khona bezocobisana ngamaqhinga okumele asetshenziswe ekwenzeni umsebenzi uphumelele
- Nomeluleki kumele asondele ngokushesha kumlimi uma emdinga
- Kubalulekile ukuthatha izeluleko uma umeluleki ekucebisa, nokuthi uma isimo sezomnotho singavumi kahle isho kumeluleki wakho ukuthi amandla enginawo mafishane, yini enye engingayenza ukuze lokhu okuncane okungenzeka kwenzeka ngendlela okuyiyona yona. Kungcono ukusebenza indawo encane ngendlela eyiyo kunokwenza umsebenzi omkhulu kodwa ongeke uzuze lutho ngokwenzile kufane nokuthi imali yakho uyilahlele.

Nakhu engicela sicebisane ngakho kulezinyanga ezine ezilandelayo. Khumbula ukuzikhandla kwakho nokwenza umsebenzi ngendlela efanele yikhona okuzokunika inzuzo/imali ebhizinisini lakho.

MASINGANA / JANUARY

Inyanga ka Januwari ivamise ukuba yinkinga kakhulu, ngoba sisuke sikade sisemaholidini ka Disemba umsebenzi umile emasimini. Inkinga enkulu kuba

wukhula esilufica selulukhulu uma besingalufuthanga. Ngakho-ke hlola onke amasimu akho ukuthi isimo sokhula sinjani. Qala ukufutha la ukhula lwakho luluncane khona ugcine ngamasimu asuke esene kakhulu. Sebenzisa imithi ehambisana nokhula onalo, isifutho kumele sibe sezingeni lokufutha kahle, inozolo makube ngokuyiyona, amanzi awabe akulungele ukufutha (angangcolile). Xhumana nomeluleki ukuze akulekelele uma ulwazi olwanele ungenalo.

Bheka amasimu akho ukuthi awanazo yini izifo kanye nezinambuzane (ithimba lezifo nezinambuzane zomoba lizokulekelela).

Bheka itshalo/amatshalo akho kanye namasimu ukuthi alukho yini uhlobo lomoba ongaludingi ensimini yakho.

Qinisekisa ukuthi uhlelo lokuhlala uyalwenza (qala ngomoba osuke ulalile, hlahla umoba osuvuthiwe nolungele ukuvulwa komshini (izinhlobo zomoba azifani kukhona ezinoshukela omningi uma kuvula umshini ezinye ziba noshukela omningi maphakathi nonyaka kanti ezinye uma umshini/isigayo sesizovala). Ngakho-ke uhlelo lwakho kumele luhambisane nalezizimo.

Uma unemishini yokusebenza qiniseka ukuthi uyayilungisa ibe sezingeni lokusebenza. Funa izisebenzi ozodinga kanye nemali yokwenza umsebenzi.

Hlonza amasimu adinga ukuvuselelwa ukuze ahlahlwe uma umshini uvulwa.

Iba nolwazi lwamasimu ozodinga ukuthi uwavuthwise ukuze ukwazi ukulungiselela ukuthi uwafuthe.

Uma unisela qinisekisa ukuthi yonke into ensimini ilungile (amapayipi namanozela kusebenza kahle akuvuzi, ufaka amanzi adingwa yisitshalo). Insimu yakho ayinacwili emanzini ngoba lokho kwenza ulahlekelwe yisivuno, umoba akumele uhlele emanzini.



ezo wabalimi



NHLOLANJA / FEBRUARY

Enza izinhlelo zokulungiselela ukubekisa imbewu yomoba ozoyidinga uma uzotshala kabusha ngonyaka olandelayo (2024). Ukulungiselela ukuthola imbewu kuthatha iminyaka emibili (unyaka wokuqala usuke utshala imbewu noma utshalelwa yilona osuke uyi ode kuye, bese uyithola ngonyaka wesibili isilungile).

Yenza ibhajethi yemali ozoyidinga ukwenza wonke umsebenzi wakho wonyaka. Osomnotho sinabo la eMbonini yomoba abangakulekelela ukwakha uhlelo lokusebenza lwemali (ibhajethi). Uma ungabazi buza kumeluleki wakho.

Lungisa izitubhe zakho noma amabhande kanye nemingcele yamasimu akho angabi notshali ukuze kuvikeleke imililo engase ihlubukele emasimini akho.

Iba nohlelo/yakha uhlelo lokusebenza lwesizini yonke eqalayo.

Yenza izilinganiso zomoba ozohlahlwa kwisizini ezoqala. Izilinganiso zibalulekile ngoba yizo ezisho ukuthi umshini kumele ugaye isikhathi esingakanani nokuthi abalimi kumele bafake umoba ongakanani ngosuku.

Maphakathi nesifundazwe – tshala lezondawo ezinokuhlaselwa isithwathwa, utshale nezinkulisa-imbewu. Xhumana nomeluleki wakho ngencazelo egcwele ukuthi lapha sisho ukuthini, ngamafuphi nje senzela ukuthi ngenkathi isithwathwa sifika asingakwazi ukubulala umoba wakho.



NDASA / MARCH

Ezindaweni lapho kubekwe imigomo ngokusetshenziswa kwamanzi ngenxa yesimo sokutholakala kwamanzi, qikelela ukuthi itshalo liyawathola amanzi, umoba osemncane kanye namasimu ozowenza imbewu.

Iba nohlelo lokumisa ukunisela emasimini azohlahlwa.

Hlola isihlava emasimini akho ikakhulukazi kulawo asuke elalile nalawo akhahlanyezwe isomiso.

Hambisa izilinganiso zomoba wakho ekomitini lezilinganiso (Mill Group Board) kanye nasemshinini uma uwadinga.

Lungisa futhi uyigcine isesimweni esihle yonke imigwaqo emasimini akho, khona kuzoba lula ukukhipha umoba.

Phothula ukutshala kwakho kwaseNkwindla, yize nje singakukhuthazi ngoba izimvula zisuke sezincane noma zingasekho kanye nokushisa kwelanga



kodwa kuba nezimo ezenza kutshalwe ngesikhathi esithile ukuze kugwemeke izifo noma izinambuzane eziqhamuka ngesikhathi esithize.

Intengo yokwenza umsebenzi wokuhlala nokudonsa umoba mayibukeyezwe ngokusizwa ngosomnotho bomboni. Intengo ayivesane igagulwe kodwa yenziwa ngokulandela imigudu ethile.

Qikelela ukuthi usonkontileka ozomsebenzisa kuba wumuntu othembekile nozokwenzela umsebenzi ngokuthembeka. Ibani nesivumelwane sokwenza umsebenzi esibhalwe phansi. Umoba mawufakwe njengoba kusho izilinganiso, uma ungakalungeli ukufaka yazisa iMill Group Board ukuze amathani akho anikezwe omunye umlimi okothi uma usulungele ukufaka akubuyisele amathani akho ngokuthi anikeze wena ithuba lokufaka umoba.

Qinisekisa ukuthi amasimu angekho ohlelweni lokuhlalwa awanaso isihlava somoba.



MBASA / APRIL

Qikelela ukuthi uhlala umoba ovuthwe ngokwanele futhi omuhle njengoba ubuhle bomoba bubaluleke kakhulu.

Kusonkontileka: qinisekisa ukuthi abahlali bayaluthola uqeqesho lokuhlala umoba ngaphambi kokuba baqale ukuhlala.

Qala ukuhlala ngamasimu ahlaselwe kakhulu yisihlava somoba kanye namasimu azotshalwa kabusha.

Amasimu mawanganiselwa ngokweqile, ngoba amanzi amaningi kakhulu ayawubulala umoba. Uma umhlabathi usugcwele amanzi izinambuzane ezakha imvunde emhlabathini ziyafa kanti nomoya awubibikho kanti umoba wakho uyazidinga lezizinto. Ukunisela kakhulu kubuye kuwashe umanyolo wakho ulahleke isitshalo singawusebenzisanga.

Thatha amasampula omhlabathi emasimini azovuselelwa khona uzothola izincomo zikamanyolo okumele uwusebenzise kanye nenani kusanekhathi khona uzokwazi ukulungisa imali yokuthenga.

Faka ukalika/umcako-wabalimi uma imiphumela yokuhlolwa komhlabathi wakho ithi uyadingeka emasimini akho.



Qaphela izimbunglu eziphuzi zamaqabunga omoba i-YSA ehlobo

 **Ibhalwe nguRowan Stranack**

(umphathi wabeluleki bezomoba kanye namathimba ezifo nezinambuzane kwa-SASRI)

Ukubheduka kwezimbunglu eziphuzi zamaqabunga omoba i-YSA kumandla kakhulu ehlobo nasentwasahlobo ngakho-ke ukuhlola insimu yakho uphindelela kungakusiza ukuthi usheshe uzibone lezi zimbungulu bese ukwazi ukuzilawula uma kudingeka. Kubalulekile ukuthi usheshe uzilawule ngaphambi kokuba zenze umonakalo omkhulu.

Abasebenzi kumele baqikelele ukuthi izimpahla abazigqokayo uma behlola amasimu azithwali izimbungulu eziphuzi zamaqabunga omoba ngaphambi kokuba badlulele kwenye insimu. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi abasebenzi bangene ngezimpahla ezihlanzekile ensimini. Imigudu yamanzi kanye namadabuli kumele kuhlale kucentiwe ngoba lezi zindawo zingaba isidleke sezifo; umabalala, idube (i-MSV), isifo samaqabunga aphuzi omoba kanye nezinambuzane okungaba izimbungulu eziphuzi zamaqabunga omoba.

Kujwayelekile ukuthi izimbungulu eziphuzi zomoba zibuye endaweni eyodwa unyaka nonyaka, ngakho-ke qikilela ukuthi leyo ndawo iyahlolwa njalo. Ngaphambi kokuba uthathe isinqumo sokufutha ngezibulala-zinambuzane qikelela ukuthi sikhona yini isidingo sokufutha noma sebenzisa izindlela zemvelo zokulawula (izinambuzane eziyizitha zazo ziyasiza nazo ekulawuleni lezi zimbungulu). Xhumana nomeluleki kanye nabeThimba leZifo neZinambuzane bakwa-SASRI ukuze bakululeke ngendlela efanelekile.



Izinhlobo zomoba emasimini ayizibonelo e-Matikulu



Ibhalwe nguSfiso Hlela (umeluleki wabalimi)

noLindani Mchunu (umcwaningi wezinhlobo zomoba kwa-SASRI)

Abalimi abalima ngokuncane kwisifunda mshini sase-Matikulu bathole ithuba eliyinqayizivele lokubona izinhlobo zomoba ohlukene ukuthi ziziphethe kanjani ekumelelaneni nezifo nezinambuzane. Baphinde babona nokuthi isivuno sohlobo nohlobo lomoba lukhiqiza kanjani kanti nobushukela bawo bubhekiwe ukwenzela ukuqhathanisa uma usukhetha uhlobo lomoba ozolutshala.

Isikhungo socwaningo lwezomoba u-SASRI sizimisele ukwenza ucwaningo ezindaweni zabalimi abalima ngokuncane njengoba sitshale lensimu yahlahlwa kabili. Lensimu isendaweni yaseMvutshini endaweni yakwaMbambo esibonga kakhulu ngendlela enakekeleke ngayo ngoba lokhu kususiza ekutholeni imiphumela emihle ekusabalalisweni ulwazi ngezinhlobo zomoba.

U-SASRI usuzibandakanye ekutshaleleni abalimi abalima ngokuncane (SSG's) izindinyana eziyizibonelo ezinezinhlobo zomoba eziningana ukuze bakwazi ukuqhathanisa indlela izinhlobo zomoba ezikhiqiza ngayo isivuno nobushukela. Kulensimu yesifunda mshini Amatikulu sinezinhlobo eziyi-16.

Ngesikhathi sokugawulwa kwehulumela lesibili, abalimi baseMvutshini, abeluleki bakwa SAFDA, THS no SASRI bahlangana ensimini ukuzobona bukhoma indlela lezinhlobo zomoba ezikhule ngayo. NgokwaseMatikulu ama-SSG amaningana akhiqiza isilinganiso somoba esiwu-40t/ha kodwa ngokwalesibonele izinhlobo zomoba uma zinakekeleke kahle zingakwazi ukufika ku-70t/ha nangaphezulu. Sibambisene nezinhlangano ezimelele abalimi ekusabalalisweni kwezimbewu zomoba omusha okhombise ukumelelana nezifo uphinde ube nobushukela obuphezulu.



Imiphumela ye hlumela lesibili kulendinyana ime kanje:

Table 1: Insimu yase Matikulu

Izinhlobo zomoba	Amathani ngehheka	i-RV%	Isivuno ngokwamathani e-RV	Inzuzo ngehheka ngokwamathani ungakazikhiphi izindleko
N52	77.83	11.30	8.73	R51 901.93
N61	75.87	13.98	10.58	R62 929.38
N62	66.74	12.16	8.15	R48 452.33
N55	61.27	13.99	8.60	R51 165.31
N39	58.43	13.58	7.79	R46 356.42
N58	56.57	13.19	7.45	R44 368.71
N48	53.43	13.84	7.40	R44 041.09
N59	53.14	13.92	7.38	R43 897.80
N54	51.87	13.46	6.98	R41 562.33
N66	50.32	13.32	6.70	R39 864.61
N27	49.77	14.05	6.98	R41 529.58
N51	48.95	13.23	6.54	R38 930.06
NCo376	48.82	12.83	6.23	R37 089.48
N41	47.58	13.65	6.50	R38 707.92
N56	42.11	14.22	5.96	R35 462.07
N63	41.81	13.07	5.49	R32653.34

Izinhlobo ezigunyaziwe ukuthi zingatshalwa e-Matikulu esingabala kuzo i-N52 umlimi angathola **8.73** ngokwamathani e-RV, nenzuzo ebalelwa ku **R51 901.93**. Kanti i-N55 umlimi angathola **8.60** ngokwamathani e-RV, nenzuzo ebalelwa ku **R51 165.31**. Konke lokhu kungenzeka uma umlimi ewunakekela kahle umoba wakhe.

YAZI LOKHU: Inzuzo ibalwe kusetshenziswa intengo yomoba okuyizi-**R 5948.44**, ehlala njalo ibuyekizwa.

Ngokwalesi Sibonelo:

- Umoba awulibazisekanga ukuya esigayweni. Ngakho ke kubalulekile ukuthi umlimi aqikelele ukuthi umoba wakhe awulibaziseki ngamahora angama-72 ukuya esigayweni ukuze ethole inzuzo ephezulu.
- Umoba utshalwe kuhlobo lomhlabathi oluhlukile kunolakwezinye izindawo futhi ngaphansi kwezimo zezulu ezingeke zifane nezakwezinye izindawo okusho ukuthi isivuno sisangaba ngaphezulu noma ngaphansi kunokutholwe kule ndinyana.

Ukuze umlimi athole isivuno nenzuzo okuphezulu, kubalulekile ukuthi umlimi alandele yonke imigomo yokukhiqizwa nokunakekelwa komoba. Qinisekisa mlimi ukuthi ngasosonke isikhathi wena nomeluleki anilahlekelani, akube amathe nolimi.



Izindlela abalimi abanganakekela ngazo imisoco emhlabathini

 **Ibhalwe nguThandile Mdlambuzi** (*uchwepheshe kwezomhlabathi kwa-SASRI*)

Ukwazi umhlabathi wakho, kanye nomanyolo kubaluleke kakhulu uma ufuna ukwenza uhlelo lokunakekela imisoco emhlabathini wakho. Ukuhlela izindlela zokonga imisoco emhlabathini wakho kungakusiza ekutheni usebenzise lokhu okudingwa isitshalo sakho, uphinde wonge nemali yokuthenga umanyolo.

Imvunde emhlabathini iya ngokwehla ngoba abalimi basenakho ukungaqondi ukuthi umhlabathi wabo udinga miphi imisoco noma muphi umanyolo. Enye imbangela yokungasetshenziswa kukamanyolo ngendlela ukuthi intengo yawo imba eqolo kakhulu/ usubiza kakhulu. Ukungawusebenzisi umanyolo kwinsimi yakho ngoba uti wonga imali kubangela ukuthi ungasitholi isivuno esithe xaxa. Abanye abalimi abalithathi isampula lomhlabathi ukuze lihlolwe ngoba bethi bonga imali. Ukuthathwa kwesampula lomhlabathi kuyasiza ekutheni wazi ukuthi umhlabathi wakho udingani ukuze uthole isivuno esifanele futhi ungamoshi imali ufaka imisoco isitshalo sakho esingayidingi.

Inhloso eyinhloko yokuphatha kahle imisoco yomhlabathi ukuhlangabezana nezidingo ezibalulekile zezitshalo. Isisekelo esibaluleke kakhulu senzuzo nokusimama kwepulazi lakho ukuphatha kahle umhlabathi wakho nokusebenzisa umanyolo ngokwesidingo sesitshalo sakho.



- Sebenzisa umanyolo ofanele
- Faka isikalo esifanele
- Faka ngendlela efanelekile (faka owokutshala ngendlela kanjalo nowangaphezulu (isikhuthaza))



Izinyathelo okufanele abalimi bazithathe ukuze banakekele imisoco emhlabathini

Isinyathelo 1: Ukuhlolwa komhlabathi

Inhloso yokuhlolwa komhlabathi ukubheka ukuthi uvunde kangakanani. Ukuhlola inhlabathi kusiza ekutheni wazi izinyathelo ezilandelayo okudingeka uzithathe ngensimu yakho. Ukuhlolwa komhlabathi kuyakutshela ngobumuncu emhlabathini kanye nohlobo lomhlabathi onalo ensimini yakho ukuze wazi ukuthi lowo mhlabathi uphathwa kanjani. YAZI ukuthi isampula libiza ngaphansi kunesaka likamanyolo (50kg) ungalifaka singekho Isidingo ngenxa yokuthi awuwuhlolanga umhlabathi wakho. Ukukukhumbuza, izindleko zokuhlaziya umhlabathi zincane kakhulu kunezindleko zesikhwama sikamanyolo (50kg bag) ongasifaka lapho singadingakali.



Isinyathelo 2: Izidingo zesitshalo

Ukwazi ukuthi umhlabathi wakho udingani kanye nesivuno esilindelekile endaweni otshala kuyo kuzokusiza uqonde ukuthi ziyini izidingo zesitshalo sakho. Izincomo zikamanyolo zisetshenziselwa ukukutshela ukuthi yiziphi izidingo zesitshalo sakho nokuthi ungakanani umanyolo okufanele uwufake.

Isinyathelo 3: Ukuqonda ukubaluleka kukamanyolo

Ngemva kokuthola izidingo zemisoco kwisitshalo sakho, kufanele ucabange ukuthi uzohlangabezana kanjani nalezo zidingo. Kubalulekile wazi lokhu: umthombo womnyolo olungile, isikalo esifanele, ukufakwa ngendlela kukamanyolo kanye nokuwufaka ngesikhathi esifanele. Kufanele uqonde ukuthi isaka likamanyolo liquketheni, nokuthi umkhiqizo walo usilungele yini isimo sensimu yakho. Imkhiqizo eshibhile iqukethe imisoco emncane yingakho ishibhile, ngakho-ke qikelela ukuthi umanyolo owuthengayo uhambisana nokudingwa isitshalo sakho.

Isinyathelo 4: Yenza isinqumo

Umgomo wokuhlela ukuphathwa kwemisoco, ukusebenza kahle kwezinsiza zomsoco ukuze kuhlinzeke umhlabathi ngokudingayo ukuze uthole nezivuno esifanele. Isinqumo silele kuwe mlimi ukuthi ulandele izincomo ozinikiwe.

Iyiphi inzuzo ongayithola ngolandela izindlela onganakekela ngazo imisoco emhlabathini

- 1) Ukuphathwa ngendlela kwemisoco kusiza ekwehliseni ukulahlekelwa (Faka okudingwa yisitshalo sakho kuphela).
- 2) Ukusetshenziswa kangcono komanyolo, ukusebenzisa amanani afanele ngesikhathi esifanele.
- 3) Ukunyuka kwesivuno ngenxa yokufaka imisoco edingwa isitshalo



Uhambo luka Amanda Zuma (umlimi wesifazane osemncane) emkhakheni wezolimo.

 **ibhalwe nguWinile Shelembe** (umeluleki wabalimi)

U-Amanda uneziqu zemfundo zase DUT kwi-Child Development, udabuka kwaMaphumulo. Ukhuliswe ngugogo wakhe owayengumlimi ngabo 1990, okwathi ngokuvalwa kwesigayo somoba iGlendale wabe eseyeka ukulima umoba wazilimela imifino kanye namakinati/amantongomane ukuze kuxoshwe ikati eziko ekhaya. “Ngokukhuliswa wumuntu owayekhonzwe ukulima yilapho u-Amanda athola khona uthando lwezolimo. Kwathi noma eseqhelelene nogogo wakhe ngenxa yokuyofuna imfundo kodwa ngamaholidi wayebuya ekhaya aqhubeke nokulekelela ugogo kwakwenzayo emasimini. “Uthando lokuba nogogo lwalungijabulisa nanokulalela engixoxela ukuthi kwenzeka kanjani abenothando lwezolimo. Ngikhula kuningi ebengifisa ukuba yikho, ukuba wumlimi kwakungakaze kungifikele kodwa njengamanje yikho okuhamba phambili”.

Ungene kanjani, nini, yingani kube wumoba?

“Ngo 2021 ngisebenze ezinhlanganweni ezimbili zezingane kanye neyentsha, lapho ngabona khona ukuthi lomsebenzi awungenzi ngivuleleke. Njengomuntu oyiphokophelelayo into uma ngiyilangazelele ngabonisana nomama kanye nogogo ukuthi ake ngizame omunye umkhakha wokuziphilisa ngaphandle kwalona engiwufundele. Ngawuyeka umsebenzi engangiwufundele ngasebenza kwenye i-NGO eyayidinga ukuthi ngenze uhlelo lokuthuthukisa izingane kanye nentsha. Ngangihambela izikole ngibonisane nentsha ngezinkinga ezikhungethe lelizwe nokuyinika ithemba lokuthi kukhona engakwenza ukuguqula isimo. Komunye wemihlangano yentsha yilapho engahlangana khona nomeluleki wezolimo wakwa Tongaat Hulett owakhuluma ngamathuba entsha kwezolimo nokuthi babasize kanjani abalimi abaningi ukubathuthukisa. Ngaba sendaweni efanelekile ngesikhathi esiyiso. Inkulumo yangithinta.”

“Ngakhumbula ukuthi ugogo wayenomhlaba owayewulima, kodwa ulwazi lomoba nganginganalo kodwa ngenxa yokuphokophelela lelohuba angiliyekanga. Ngemva kwalolusuku ngaqala ngafunda kabanzi ngokulinywa komoba. Yilapho ngabona khona ukuthi nginalo ithuba lokubamba iqhaza ekulimeni umoba. Ngabe sengixhumana nomunye umuntu omusha owayesebenzisana nobaba wakhe epulazini lakubo abangabalimi abakhulu ngamazisa ngentshisekelo yami ngasengimcela ukuthi angeluleke ukuthi ngenze njani. Wanginika inamba kaMeluleki weZolimo wase Gledhow emshinini (Sinothile Nxumalo). Kusukela lapho zonke izinto zabalula. USinothile Nxumalo wabe esengixhumanisa no Nothando Buthelezi onguSomnotho wakwa SA Canegrowers owangisiza ngokuthi banginike lonke usizo lokutshala insimu. Lapho-ke kwacaca bha ukuthi iphupho lami liyafezeka lokuba ngumlimi womoba.”

“Indawo la ngilima khona ikwaMaphumulo eMthandeni esigodini saseKhabane. Insimu ingamahheka awu 1.8 lendawo ngeyomndeni wasekhaya ngacela ukuthi bangiphe ithuba lokuthi ngiyilime ngoba yayingalinyiwe. Ugogo wangivumela ukuthi ngiyilime insimu.

“Mayelana nokwenziwa komsebenzi, njengoba ngangingenayo imishini yokusebenza ngangisebenzisa osonkontileka ukulungisa umhlabathi bese kuthi lena eminye imisebenzi engadingi imishini ngiye





ngiqashe abantu ababayitoho. Ngokusebenzisana nabeluleki inkinga ayizange ibekhona ngoba babehlale bengeluleka nokuqinisekisa ukuthi konke ngikwenza kahle yini. Ngokubamba iqhaza ekulimeni ngiyaziqhenya ngokuthi ngikwazile ukuvula amathuba emisebenzi kubantu ebengibaqashile bekukhona nentsha”.

“Ngasesivunweni bengingakayivuni insimu ngaleyondlela angeke ngikwazi ukusho ukuthi isivuno singakanani (kodwa esiqeshini esilandelayo uma sengivunile ngiyonazisa ukuthi isivuno sibengakanani – kwi Ingede yango May 2023)”.

“Uqeqesho engilutholile lomoba lube ngelokulima umoba kusukela ulungiselela ukutshala uze uyovuna nokunakekela ihlumela, bese kuba zifundo zoku nakekelwa kwabasenzi (lezizifundo ngizithole e Shukela Training Centre – STC) kwa SASRI ngenza i-Junior Certificate Course in Sugarcane Agriculture.”

Umyalezo ongawudlulisela entsheni uthi “Iba nesibindi nempokophelo yokulandela iphupho lakho noma ngabe ulwazi lwalento ofisa ukuyenza luncane kangakanani nanokuthi ufisa ukungena entweni entsha nehluke kokwaziyo. Impilo ngeyokuthi uzinikeze ithemba ungabi nakho ukuzenyeza ngasosonke isikhathi phokophelela phambili ufunde ubone izinto ezintsha. Okubalulekile funda kosudlule kukho kanye nakwabanye ukuze uzazi ukuthi ungubani. Amazwi okugcina phokophelela phezulu ungazitsheli ukuthi kuyagcina esibhakabhakeni ngoba uzothola ukuthi kukhona asebefinyelele nasenyangeni, ungalahli ithemba ngoba uthi ingilazi ayigcwele ngoba uyakwazi ukuyigcwalisa”.



Impumelelo yabeluleki bezolimo kwiNkomfa ye-SASAE

Abeluleki bomnyango weZolimo Kanye Nokuthuthukiswa kweMphakathi Yasemakhaya (DARD) kanye nabeSikhungo soCwaningo Lwezomoba (SASRI) benze ezibukwayo kwinkomfa yabeluleki baseNingizimu Afrika i-SASAE (South African Society for Agricultural Extension) ebisesifundazweni saseLimpopo endaweni i-Klein Kariba. Indikimba/Isiqubulo salenkomfa besithi "SIBUYELA EMASISWENI: UKUSIZA ABALIMI UKUZE BAKWAZI UKUZISIZA BONA".

Ukusebenza kahle kwabalimi nokubambisana nabeluleki, kubahlomulisile abaluleki betshengisa ngomsebenzi omuhle owenzwa abalimi. Abanye babeluleki abahlomulile ngokwenza kahle kwabalimi ezindaweni zabo;

- U-Felicity Mitchell (DARD), U-Goodenough Mdunge (DARD) kanye no-William Gillespie (SASRI) abangabeluleki babalimi abaMphakathi nesiFundazwe bazuze umklomelo wodaba oluyimpumelelo phecelezi i-SUCCESS STORY obelisuhloko sithi "INZUZO NGOKWEZIMALI KUMPHAKATHI WASE-GCUMISA EDALWA NGUQEQESHO UMPHAKATHI OLUTHOLAYO EKUKHIQIZENI IMBEWU YOMOBA".
- Kanti kumncintiswano wocwaningo lwesgameko (i-Case Study), u-Mboniseni Buthelezi (SASRI), Pearl Musenge (DARD), Zanani Mzila (DARD) kanye noZanele Ndwandwe (DARD) baphume isibili bathola izindondo zesiliva.

Siyabahalalalisela sethembe nabalimi bayaluthakasela ulwazi abaluthola kubeluleki babo.



Abaphethe imiklomelo kusukela kwesokunxele: uMboniseni Buthelezi, uPearl Musenge, uZanele Ndwandwe kanye noZanani Mzila



UFelicity amukela umklomelo wodaba oluyimpumelelo

ABADIDIYELI

Thulani Masondo, Winile Shelembe, Sifiso Hlela, Bulela Phoswa, Khanyisile Buthelezi, Thandile Mdlambuzi, Nqobile Nxumalo no Wayne Mthembu (Umhleli) Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September

Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: Nqobile.Nxumalo@sugar.org.za



Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (Kumeluleki) naku-YouTube (SASRI)



Amalungelo okuqopha aqukethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxenye yalo msebenzi engaphinda yenziwe nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho balwazi olushicilelwe kulo msebenzi, isiKhungo sezocwaningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqukethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa nguqazela ukuthi zisetshenziswe.

